

Publication: Isolezwe (Sport)
Publication Date: 05 May 2017
Page: 22

AVE: 34054.94
Circulation: 90724
Part: 1 of 1

# USikhakhane uchaza ngempumelelo yeThanda

**MINENHLE MKHIZE noZAKHELE XABA**
BeseRichards Bay

AKAPHUPHI ngisho elele ukubuyela kuChippa United umqeqeshi weThanda Royal Zulu, uRoger Sikhakhane, ofake leli qembu laKwaZulu-Natal ku-Absa Premiership.

USikhakhane wazakhela udumo ebholeni laseNingizimu Afrika ngesikhathi efaka iChippa United esigabeni esikhulu ngo-2010/2011. Njengamanje iChippa ayinaye umqeqeshi njengoba isezinhlelweni zokuhlukana noDan "Dance" Malesela. UMbuyiselo Sambu nguyena osabambe izintambo. Abaningi sebeqalile ukubuza ukuthi ngabe uSiviwe "Chippa" Mpengesi uzolanda uSikhakhane yini.

Ebuzwa ngabezindaba ngekusasa lakhe ukubeke kwacaca ukuthi ngeke nangephutha abuyele kuChippa.

"Angikaze ngiluthole ucingo lukaMpengesi. Yinto engasoze yenzeka leyo (ukubuyela kuChippa)," kuchaza uSikhakhane.

Usebuyele kaningi kuChippa ebifike imlande bese izinto sezihamba kahle imdedele. KuMabhubesi ufike ngesizini edlule kukubi iqembu livika izembe. "Amalungiselelo okuqala kwesizini abe nomthelela empumelelweni yethu. Imidlalo emithathu esele kumele siyihloniphe. Isizini ayikapheli.

"Abafana sisazobaqeqesha ngendlela efanayo nebesibaqeqesha ngayo.Sifuna ukuqhubeka ngomgqigqo ofanayo kuze kuphele isizini. Indaba yokwephula irekhodi leBaroka ayikho emqondweni wethu. Thina asifuni ukuziqhathanisa nabanye abantu," kusho uSikhakhane.

NgoLwesithathu iThanda iguqise iStellenbosch FC ngo 2-1 eMhlathuze Sports Complex, eRichards Bay, ukuqinisekisa indawo yayo esigabeni esikhulu. Njengamanje alikho iqembu eselingafica Amabhubesi. Aseqoqe amaphuzu angu-56 emidlalweni engu-27.

"Ukufaka iqembu kuPremiership yinto esengiyijwayele. Ngike ngayifaka iChippa phambilini. Into emqoka wukwenza amalungiselelo okuqala kwesizini ngendlela eqondile. Lena yinto enhle kakhulu kubantu baseMhlathuze. Sebezothola ithuba lokubuka imidlalo yePremiership. Ngisayinise abadlali abahambisana nesitayela seqembu. Yize sishaya ngabadlali baseNingizimu Afrika kuphela kodwa mina angibheki ukuthi usuka kuphi. Uma umdlali ezokwenza umsebenzi nje siyazwana ke naye," kusho uSikhakhane.

NgeSonto ngo-3 iThanda izoshukana neCape Town All Stars eParow Park, eKapa bese kuthi NgoLwesithathu idudulane neFC Cape Town eMhlathuze.

Amabhubesi azovala isizini eSugar Ray Xulu Stadium, eClermont, eThekwini uma esebhekene neReal Kings ngoMeyi 14. Yilaphoke ezophakamisa khona indebe yeNFD.



**UMQEQESHI weThanda Royal Zulu uRoger Sikhakhane uzimisele ukuqhubeka nokuqeqesha iqembu ku-Absa Premiership ngesizini ezayo**

Isithombe: BACKPAGEPIX

Imidlalo yeNFD:

Kusasa ngo-3 ntambama: Black Leopards v Magesi FC (Thohoyandou Stadium); Witbank Spurs v Mbombela United (Puma Rugby Stadium); FC Cape Town v Mthatha Bucks (NNK Rugby Stadium); Stellenbosch FC v Real Kings FC (Athlone Stadium)
NgeSonto ngo-3 ntambama: University of Pretoria v Milano United AFC (Tuks Stadium); Jomo Cosmos v Royal Eagles (Tsakane Stadium); AmaZulu v Santos (Princess Magogo Stadium); Cape Town All Stars v Thanda Royal Zulu FC (Parow Park)

This article is copyright protected and licensed under agreement with DALRO. Redistribution, modification, re-sale of this is not allowed without prior written consent of the original author of the works.